

# Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Mbasa 2019 Ushicilelo 2

## Steps to curb women abuse



**Building a better SA with social partners**

**Page 4**



President Cyril Ramaphosa officially opened the Booyens Magistrate's Court and signed the GBVF Declaration. This has been hailed as a step in the right direction in ending women and child abuse in South Africa.

President Cyril Ramaphosa has reiterated that women abuse has no place in South Africa. "It should also have no place in our homes, at places of work, churches, schools and on the streets of our townships, on the

pathways of our villages and also in our cities and towns," President Ramaphosa said. He was speaking at the official opening of Booyens Magistrate's Court and the signing of the Gender-Based Violence and Femicide (GBVF) Dec-

laration in Johannesburg recently. The state-of-the-art Booyens Magistrate's Court comprises 10 courts, including four district courts, Civil Court, Family Court, Children's Court, Small Claims Court, as well as two regional courts for criminal

and sexual offences. The declaration, on the other hand, is borne out of the National GBV and Femicide Summit, held in November 2018, in an effort to find solutions to GBV and femicide.

**Cont. page 2**



**Young mother leads autism awareness drive**

**Page 5**



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

Email: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: 012 473 0353

**FREE COPY**

**Did you know?** THE 2019 ELECTIONS WILL BE HELD ON 8 MAY 2019



# Ukuqonda kahle isifo se-autism

**K**ubazali bezingane ezine-autism, lesi sifo sibangela ukudideka, ukukhungatheka kanye namahloni. Abazali abaninzi abanalwazi ngalesi sifo futhi abazi nokuthi bangenzani ukusiza izingane zabo ukuze ziphile impilo 'ejwayelekile'.

## Yini i-autism?

I-Autism yisifo sezinzwa zengqondo esivela kusukela ekuzalweni kwengane futhi ngokuvamile siqala ukuveza izimpawu zaso eminyakeni yokuqala embalwa yempilo yengane.

Isazi sezokwelapha ingqondo e-Steve Biko Academic Hospital, u-Julia Mathabathe, uyachaza ukuthi izingane ezine-autism zibuka umhlaba ngokuhluka kakhulu kwabanye abantu.

"Kunzima kuzona ukukhuluma nokuxhumana nabanye. Futhi zinezimpawu zezinzwa ezihlukile; zingase zihogele, zi-



bone noma zizwe izinto ngokuhlukile kunabanye abantu. Zingase ziziphathe ngendlela enodlame, zikhombise intukuthelo noma zizilimaze," kusho uMathabathe.

Abazali bangakuthola kuyinselele kakhulu ukubhekana nalokhu kuziphatha, ikakhulu uma kwenzeka phakathi kwabantu.

## Abazali bangazisiza kanjani izingane ezine-autism?

UMathabathe uthi ingxenye enkulu okugxilwe kuyona yokwelapha i-autism wukuthi kusizwe abazali bakwazi ukuqonda ukuthi izingane zabo ziyibona kanjani impilo.

"Abazali kufanele bazame ngempela ukuzibeka esim-

weni sezingane zabo. Kumele bathole izindlela ezingcono kakhulu zokuxhumana nezingane zabo, okungaba ngamazwi noma izimpawu zomzimba, futhi baqonde ukuthi yiziphi izimpawu ingane ezibonisayo. Isibonelo, uma ingane ikhombise intukuthelo enkulu, kumele uzame ukuhlonda ukuthi yini imbangela yalokho bese ushintsha indlela owenza ngayo izinto ukuze ihambisane kahle nezidingo zengane."

UMathabathe uthi kubalulekile ukuba abazali bafune usizo ngokushesha uma bebona noma yiziphi izinkinga enganeni yabo.

"Uma ingane itholakala kunesikhathi ukuthi ine-autism, amathuba okwenziwa ngcono kwesimo sayo aphezulu kakhulu. Amaphesenti amathathu ezingane ezitholakala ne-autism eziphakathi kweminyaka yobudala emibili nemine zingalulama. Ngenkathi ingane ifinyelela eminyakeni eyisi-

khombisa kuya kweyi-11, kusuke sekunomehluko omkhulu futhi ingane ingaphila impilo ejwayelekile."

## Abazali bangaziyisa kuphi izingane zabo ukuze zithole ukwelashwa?

UMathabathe uthi ezimweni eziningi, i-autism ayilapheki ngokugcwele, kodwa ingalawulwa ngempumelelo. Wengeza ngokuthi othisha banendima ebalulekile okumele bayidlale ekuhlonzeni izingane ezinezinkinga esikoleni, futhi badlulisele lezo zingane kodokotela bengqondo. **U**

Ukuze bathole ulwazi oluthe xaxa kanye nezuleko mayelana ne-autism, abazali bangaxhumana neNhlangothi i-Autism South Africa ku: 011 484 9909. [info@autismsouthafrica.org.za](mailto:info@autismsouthafrica.org.za)

# Umama Osemncane Uholo Umkhankaso Wokuqwashisa nge-autism

## Galoome Shopane

**U**-Letlhodilwe Moroe, wase-Bloemfontein eFreyistata, uqhuba umkhankaso wokuqwashisa nge-autism emphakathini wangakubo.

Njengomama womfana oneminyaka eyi-11 ubudala one-autism, wakuthatha wakwenza umsebenzi wakhe ukuba avule inhlangothi engenzi-nzuzo, i-Tokologo Place of Hope, eqwashisa, ihlinzeke ngolwazi futhi yeseke abazali abanezingane ezine-autism.

U-Moroe ukholwa ukuthi luncane kakhulu ulwazi lwe-autism abanalo abazali abanezingane ezine-autism futhi abasiqondisi kahle lesi sifo, ikakhulukazi labo abahlala emalokishini kanye nalabo abasezindaweni ezisemaphandleni.

I-Autism yisifo sokungakhuli kahle kwengane esibonakala ngokuthi ingane ibe nobunzima bokuxhumana,



**U-Letlhodilwe Moroe nendodana yakhe u-Sihle, ene-autism.**

ukwakha ubudlelwano nabanye abantu kanye nokusebenzisa ulimi.

Ngenhlangothi yakhe, u-Moroe usiza imindeni ephethwe yizingane kanye nemindeni yezingane ezine-autism ukuba ithole izibonelelomali zokukhubazeka, imithi kanye nokwelashwa.

"I-Autism iyinselele futhi imkhandla kakhulu umzali. Uma umzali esekwamukele ukuthi ingane yakhe ine-autism lokhu kwenza impilo ibe ngcono enganeni."

U-Moroe uthi impilo yakhe yashintsha kakhulu mhla ethola ukuthi indodana yakhe ine-autism.

"Konke kwashintsha,

ngangingakwazi ukusebenza futhi izikole kanye nokwelashwa kwendodana yami kwakumba eqolo."

Efuna indodana yakhe ithole amathuba angcono, u-Moroe wathuthela eGauteng ukuze athole izikole eziqondene nezingane ezine-autism, njengoba siFreyistata ingenazo izikole ezinjalo.

"EFreyistata zikhona izikole zezingane ezikhubazekile, kodwa zithatha izingane ezifinyelela kwezizishiyagalombili kuphela ekilasini futhi kunohlu olude lwezingane ezilinde ukungena esikoleni."

Ngisho enalezi zinselele ezingaka phambi kwakhe, u-Moroe uthi kuyisibusiso kuyena ukuba nengane ene-autism.

Isimo somntanami singinike amandla amakhulu futhi sangifundisa ukubekezelela. Unethalente nesiphiwo esikhulu futhi uyawathanda amagajethi obuchwepheshe. Muhle kakhulu impela kwe-

zobuchwepheshe."

Yizinto ezincane u-Moroe azibongayo ekukhuleni nasekuthuthukeni kwempilo yendodana yakhe.

"Njengamanje indodana yami isesimweni esikahle futhi ijabulile, isiqala ukukhuluma, isiyakwazi ukusebenzisa indlu encane futhi sengikwazi nokuyigunda izinwele ngenkathi ihlezi."

**"Uma umzali esekwamukele ukuthi ingane yakhe ine-autism lokhu kwenza impilo ibe ngcono enganeni."**

U-Moroe unesifiso nepupho lokuthi ngeliye ilanga avule isikhungo se-autism eFreyistata. **U**